# KWA MNYAMANA.

Isulumani elidumileyo ekade liku Field Street, eDurban, uMNYAMANA, esekelwe uNGOBAMAKOSI, bavule isitolo eNANDA MISSION STATION, kwa SCOTT. Bawutengile umuzi ka Scott, baquba isitolo ne Bikawosi,

Naniko niyawazi ta Masulumani kuhle nifike nibone intengo elula uzonitengela ngayo nina base Nanda.


# KUBATATI be "Langa."

UMTETO WE "LANGA" bonke abantu imali yalo bayikipe ngapambi kokuba litunyelwe kubo. Bakona eseyapela imali yabo kepa kabasayitumeli futi.

Bonke bayaziswa ukuti inxa ingafiki masinyane liza upeza ukutunyelwa kubo, bazintule izindaba.

# KUBABHALELI.

BAYANXUSWA ukuba kuti lapa bebhalela ipepa baqapele lemiteto:—

1. **Kubhalwe** luhlangoti lunye lwepepa, kal ubhalwa inhlangoti zombili. Owapula lomteto incwadi kayiyikufakwa.
2. **Kubhalwe** ngesandhla esicacambile esifundeka kahle. Ongenamandhla okubhala kahle, anxuse omunye ambhalele, kona engayi kujabhiswa ngokuba yaliwe incwadi yake.
3. **Atumele** igama lake noma etanda ukuba libonakale, nonxa engatandi alitumele; kodwa ongatandi ukuba libonakale kaliyikubonakala, atumele nekeli lake futi.


## Ningayenza kalula Imali Nisekaya.

Noma ngakube usebenzapi, ungadhlula utole imali ngapandhle kokutikimezeka komsebenzi wako.

Bonke abakwazi ukubhala nokufunda isiNgisi lapa eSorth Africa, ababhalele uMr. A. H. TODD,

Chemist,

Red Hill, Natal.


## ISAZISO

Kukona umhlaba engitengisa ngawo ungu 116 acres ngibiza opondwe ababili neshumi losheleni nge acre otanda ukuzwa kahle ngawo malobele mina ngotokoza ngokumpendula ngakokonke akubuzayo lomhlabati use Georgedale esifundeni sase Camperdown.

Yimina owako,

CHRISTIAN LUTAYI.

Georgedale M. S.,
Cato Ridge.


## Izigidi Zabantu Abafayo Iminyaka Yonke bebulawa Izifo Zesifuba, Amapapu Nompimbo

**I Sacco Herb Extract**

iyakukupilisa uma ublushwa

Isifo Samapapu
Isifuba Somoya
Isifo Sompimbo
Ipika
Umpenge
Ukuvimbana Amakala
Umukuhlane Omukulu
Isifuba
Ukukwehlela Namakaza




I Sacco Herb Extract yatolwa ngendhlela e isimangaliso. Kwiminyaka e lhlulile indodana, eyayigula kabi isifo samapapu e England, yeza la e South Afrika. Ingakumbulele luto yatola ukwazi ngekambi elalitolwe indoda endala. Yalisebenzisa leli kambi yatola ukuti iye itola ukomelela yati yakusebenzisa lomuti isikati sezinyanga ezitile, yapopolwa abo dokotela abaningi bayityela ukuti ipile kahle impela. Eyondodana isapila kona namuhla ayikazanga ipinde ibuyelwe ileso sifo sesabekayo eyayihlushwa iso.

Manje sihlezi nalo leli hlebo elikwi Sacco Herb Extract epilise izigidi zabantu la e South Afrika, abamnyama nabamhlope, ababe gula izinhlupeko ze Sifuba, Amapapu no Mpimbo. Iyakukupilisa. Qala kona namuhla ukusebenzisa i Sacco Herb Extract ubulale izilwanyazana zokufa ezonakalisa imipunga yako nompimbo.

Cela incwadana ekungakokwa luto ngayo ekucinderelwe kuyo izincwadi zobufakazi ezi dumisa i Sacco Herb Extract. I Sacco Herb Extract itengiswa izitolo zonke ngamapaketi ampofu nje ngoba liboniswa la ngenhla, ngo 2/9, 5/- no 8/6 igabha elilodwa (igabha elikulu linomuti wokusetyenziswa amalanga ishumi linesitupa) kepa uma ungenakuwutola, tumela i postal order kumbe izitembu kwi **Sacco Herb Extract Co., P.O. Box 1032, Cape Town,** uyakutunyelwa, ungakoki luto ngezindhleko zeposi.

**Ama Sampula e Sacco:**—Igabha lesampula eku ngakokwa luto ngalo le Sacco Herb Extract liyakutunyelwa kuwe uma kutolwa u 6d. izitembu ukukoka izindhleko zeposi nokupakisha. Asitumeli magabha mabili amasampula kumuntu omunye.

Zulu—S.9.


## Ngokubhala Isizulu.

KU MHLELI WE "LANGA."

Mngane,—Nami ngicela ke ngiponse abe mabili ngalendabakazi. Okokuqala ngibonga ao titsha labo abazama ukulungisa ulimi lwakiti. Impela kuyadingeka kaningininingi ukuba IsiZulu lesi silungiswe itina ndhlu emnyama ngokwetu Yebo ke singacela mhlaumbe uma kudingeka, abanye bozalo abamhlope ukuba basisize kokunye; ngoba pela siyazi zikona izinkunzi zakona kobelungu. Poke into enkulu ngiti kunga kuhle kudalwe kuqala wona umqulu lowo oqukete izimiso u "Nomteto" (igilama); ikona koti konke okwenziwayo kusungulwe kona. Loku kungasiza ukuba wonke ofundayo nofundisayo ahambe ngomteto.

Uma ngibona ulimi lolu lomdabu wakiti alumfeketo lulukuni, ludinga ukuhlaziywa ngokute hlabahlosi. Kuya funeka kupenywe kahle amaNawuni ama Vepu, neminye inisingilili elapa nalapa ya, leyo uma sekuqiniswa indikimba yolimi kuswelekile ukuba ingahambe ituswa nje kodwa idhlelane nonina bayo ngokucacileyo. Maku bhekwe futi kupeliswe ngo "Nomteto", ukudidizela amagama njalo njalo namsukwana kungafanele nakanci! Loku kubangwa ngoba u "Nomteto" owenziwe yiti akako; nokona akafundiswa ezikoleni. Ukuze kulunge kahle. Ngiti kunga ngcono acelelwe kubo be'mfundo ukuba angeniswe kwi "Sylabus."

Kengiyatanda ukuba ngifakaze ukuti u"kloloda" "klaba" kanye namanye anje amagama, kuhle asipelwe ngao K. no L. uH. ku "kle" akanawo umsindo' njalo. Ke nge Komfa yawo titsha ngo 1914 Edendale ngike ngati loku akulu ngile ngitshela uMr. Mdwangu. Ngakomba ukuti ku "hxebula" kungcono kufa kwe u "kle". Po ngaba oseceleni nezwi ngoba sasi ngahlangene ngeZulu Orthography. Hai ke namhla ngiyajabula ukubona ukuti kanti bakona ababonisa kwami ngaleli'gama.

Po! indaba'nkulu mina ngibona ukuti izinto zoniwa iti ngokwetu. Ngoba ku kokonke sifunwa ukurolwangabamhlope namsukwana bengasa dingeki; futi into engafanele sike sayitola siyibamba njalo namsukwana kudingeka ukuba siyiyeke Kona kuso isiNgisi lesi, ungabona, uzwe njalo vete! vete! tina ndhlu'mnyama noba sisodwa mhlaumbe akusafanele, soloku sitshisa isiNgisimane noba isiBhunu. Angisakulumi luto ngokubhala incwadi ngoba lapo noba umuntu ebhala isiZulu siningi isiNgisi pakati, kakulu ekuqaleni. Imihlangano yetu tina ba fundisiwe citshu'ba yonke iqutshwa ngesiNgisi, olwakiti iqade.

Maye! sesimuka nesizwe impela! Si libele ukuhlanhlata olwezizwe sikohlwe ukunambita sinambitise setshise olwakiti. Yini yona leyo akusiyo nemihlola, kepa uma ngiqaziya ngingati ukuba mbelela isizwe sakiti ekwaziseni okwaso nobufakazi bokuti kade tina luhla nga olunsundu satengiseka. Kungati sinamahloni uma siqavita ngolwemvelo. Ukufakaza loku, imihlangano yetu ka kulu yamatitsha, ikuluma isiNgisi imvama; yebo kuhle kodwa yini kungake kukulunywe lwakiti kolunye uhlangoti lomsebenzi na? Kimi loku kubukeka engati ikona sizofundisana isiNgisi, noku bona ukuti nazi'nkali meva zakona ao sibani bani nao nobani bani. Lokoke kumalini bakiti uma siyeketisa olwakiti na? "Koko'mntu nwai nwai, kokwetu fingqo. Masikumbule lesisitsho sakiti nabelungu: "Charity begins at home" nazoke bakiti, ningatshaywa zindhlebe angitsho ukuti asicinywe isiNgisi emihlanganweni yetu; futi angisoli luto olu qutshwe ngesiNgisi, kepa ngikala, ngisola ukuba ulimi loHlanga lungabe lusaba natuba naka nci nci. Ngiyatsho asi lwazi neze siyadinga ukuba silusebenzise uma sibutene. Bangaki pakati kwetu abangalukulumi bengaluvanganga na? Baincosana abangebe bepila.

Ake sikumbuzane naku: isiNgisi lesi kuqala mandulweni sasi ulimi nje olungemnandi njengamanje.

Kepa-ke lwaya luguquguqulwa, lu kulunywa nge'zindhlela ndhlela lwaze lwaba namhla idwala nje! Luya lungiswa lusa lungiswa futi. Umntwana weNgisi wa namhla singatsho siti ungcono kuno wase ndulo osati: "mine son." Ehe! kunjalo yini kitina boHlanga na? Singcono yini kunabase ndulo ngolimi na? Mina nginamahloni ukuti sile ematukwini ngapo. Yini-ke leyo, ingoba silibele ulimi lwezizwe singenzi ngcono olwakiti sigcwalise okusilele sikulume lona olwawo koko, noma singalukulumi silubeke ezincwadini. Sesi libele ukukuluma silusheba noHolansi nezinye ngapandhle kuka "Nomteto." Umfana weqaba wamatole anga bongela inkunzi enkundhleni isikati eside, futi eti inganekwane inkato ende ngesiZulu esipapatekile futi alandele izibongo zika mkulu wake ambonga ngazo. Lomfanake, bakiti, uma enjena nje, uselandela "iPoem" le nanamuhla umNgisi usayilandela, tina ca, konke loku kudinga noma kunga setshenziswa, kubekwe, nazincwadi esidinga ukuzenza uma singabantu bohlanga, Somvelo (History) Isangoma (Dictionary) Nomteto (Grammar) nezinye pela.

Sengelule kakulu ngetemba ukuti ngikuluma ebandhla uma ngiposisa bakona ao Mlamula Nkunzi. Asiko isizwe esake sakula ngobuqoto uma singazisi okwaso, kuhle nokufanela igama.

E. J. KUBONI.

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane,—Ake ungipe indawo epepeni lako elihle, kengibonge ku C. M. N. Ngcobo, ongumzukulu kaNdimndwane kaMkalipi kaNombuya ongepule emliweni engiwubaselwa umngane wami uTandukwazi.

Mhleli, ngiyayibonga indiki yakiti ete uba izwe ukuti uTandukwazi uya ngicima—engangibuzi ngoba engawezwanga amazwi ami, kodwa engibuza ngabomu esewezwile awami, engiqoba nje, yona yahle yavela ngecala yamgwaza uTandukwazi. Ngiti, Mhleli, akwoti lapa sifunda amazwi omunye umuntu siwatate kahle ngesineke singafukuzeli kona singayikukuzwa kahle okukulunywayo; inkani noku pikisana kwenza ukuba abantu bangezwani.

Mina pela Mhleli, ngikuluma loku nje, ngiyazi ukuti basekona abanye pakati kwetu abasaloku bepika beqinisa, ukuti, amalanga lawa—kuseloku kwasanje, maningi; lipuma lishona ngala njena, lisuke seliyokufa, sekuyo puma elinye ngomuso; abati umoya nelanga nenyanga nezinkanyezi namanzi akukulumi luto, impahla evunulise izulu leliya eliluhlaza; abati uMenzi udala izinto imihla namalanga kwasanje.

Pezu kwako konke mina ngiti, ngiyatokoza impela ukubona umoya wokuqala ukuzwana pakati kwabantu, ngibonga osongati ngingati ngidhlula kulo mhlaba lo'moya ube us'uqubeke kakulu impela. Bheka-ke, ungisizile ngempela umntaka Mkalipi, namuhla enganga-zi, nami ngingamazi lapa ekona, ingati ukona lapa pakati komuzi lapa ngikona nami, usependuka umlamula'nkunzi, wangepula odakeni sengidhliwa.

Yimi owako Mhleli,
M. M. FUZE.

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane'—Ngikuleka indawana, nkosi yami. Ngibabaza ngiti, yini ukuba kuti loku esezwile uMhleli ukuti amuko noyedwa umuntu otokozayo ngaloku kwenza okwenziwe kumntwana k. Tabete, angakombisi izwe indhlela yokuba liyitumela kubani imali. Abantu batanda ukubonakalisa isililo nokudabuka kwabo. Sonke asitokozile, silindele izwi kubaholi betu ukuba bakombe indhlela yokunikela.

Sitanda ukuzwa ukuti ite ifa nje inga ne yetu lena yaifelani. Yisho indawo, Mhleli, sizoyitumela kubani na?

Imi,
Z. M. BHULOSE.

[Nonke imali itumeleni ku Rev. John L. Dube, nguye ongumamkeli wayo —Mhleli.]


## Izintso Zako Zibutakataka na?.

Izintso umsebenzi eziwenzayo wehlukile kakulu umsebenzi wezinye izinto ze s'dumbu. Inhliziyo ikipa igazi. Amapapu anikeza izito umoya. Izito zokulu ngisa ukudhla zisebenza esi kudhlayo. Kepa izintso ke zona zidinga ukuseva igazi zikipe yonke inzikana ema nzana ese kudhleni kwetu nakwesi kupuzayo. Izintso lezi zenzelwa kona loko ke ukuba zibhasobhe igazi uku ba lihlale lihlanzekile. Kuti ke lapozehluleka, inzikanle ebulalayo isuke isale egazi ni ikwenze uzizwe usindana wezela ufudumele, umhlana wako ube buhlungu, ungase njalo uqanjwe ukuvuvukala kwekunkulo, noko kufa kwa manzi okuye kubonakale pantsi kwamehlo noma ema qakaleni. Kuti indhlela yo kushobinga ihlabeke, ube se uguliswa amatshana njalo. Ukonakala kwezintso nezito zokushobinga loko ku uhlo bo lwesifo ngokwako, nemiti ke eye icume kwezinye izifo ingase yehluleke ezintsweni kupela umuti wezintso onga se uzisize. Ama Pills ka Doan omhlana nezintso enzelwa kona loko ke. Aqonde izintso nezito zokuhambisa umshobingo akuko okunye. Uma lomuti uqelwe ngesikati esihle, ngapambi kokuba izintso zingenwe kakulu isifo, uyokwelapa into emiyo Kepa musa ukwedelela izintso isikati eside.

Kuwo onke amaKemisi nezitolo, ngu 3s. 3d. nge bhokisana, eisitupa ngu 17s. noma utunyelwe ungasezo koka luto lweposi ngokwemukela kwabo nani lelo ababiniwo ao Foster—McClellan Co., P. O. Box 1297, Cape Town.



IMFIHLAKALO.

Isizatu sokuba kube kona umuntu ogu-liswa ilezizifo zoku kohlela, nokungapili kwesisu, siyimfihlakalo kulabo abake bausebenzisa iChamberlain's Salve. Uku luma kwesikumba nokutshisa kucishikuba kwelashwe ngokupazima kweso inxa umuntu ezelapa nge Salve, futi amadosha nje angemangaki elapa ngendhlela eyahlukaneyo.



# IBHANGE laBANTU eTekwini.

LIKU 321 Smith Street, Durban.

Nanso intando, Zulu, ose Tekwini. Namhla nivulelwe iBhange lokuba nilonde imali yenu.

Okuhle kakulu limelwe abantu bakini abapambili, abanye babo ilabo enibaziyo abemela elise Goli elipetwe uMr. Jeremiah Langeni. Lipetwe inkampane yinye nalo lelo.

Okuhle kakulu leli Bhange livumela ukuba umuntu aqale ngemali epansi ukuyilonda kulo engango 5s. Akona amabhokisana atengwa ngo 5s; umuntu abe eyatole zukwana angamsebenzisiyo okwaleso sikati amponse kona alitate aliyise eBhange, bamvulele iyapuma isiumtamwana. Iqaleke ukuba inikeze inzalo enhle. Noma inini imali oyifaka kona ikunikeza inzalo enhle ngaso leso sikati.

Nofumana umuntu wakini oqale ukuba kona ngo September 1, uMr. Philemon Zamowake Lutuli, indodana ka Chief Philip Mhlanumpofu Lutuli, Inkosi yase Mvoti (Groutville) ongaseko. Nguyeke onikwe lomsebenzi, okunguyena ezakunamakela anilungisele.

Nantoke iBhange elivulelwa egameni lenu, Zulu, lipetwe abantu bakini.

Kungenwa ngomnyango obhalwe ngesintu oti:—"IBHANGE LABANTU."

Imali yako ungayikipa noma yingalupi usuku mhla uyidinga.

Londani imali yenu, niyeke ukuyicitela ezeni. Isizwe esingenaBhange asinamkuba. Namuhla nanso intando.

IBHANGE LABANTU

THE Colonial Banking & Trust Company of South Africa, Ltd.

321 Smith Street,
Durban.



KWA

# A. G. RANDEREE,

111, Field Street,
DURBAN.

Igama lami nati ngenhla, imina ese ngitabate ivinkili lakwa MNYAMANA kuyo le ndawo engenhla.

Ngi tengisa nge zinto eziningi ezitandwa abantu be silisa ne sifazane.

Futi intengo ye mpahla yami ivama ukwenelisa abaningi abafika ukutenga evinkilini lami, Izingubo za besifazane izinhlobo zonke zazo, zikona. Amaprint alukuni abantu abahlupekayo, kanye nawo kubloba maningi, kakulu futi abiza kahle. Izingubo ezitungiweyo nazo zibiza kahle kakulu. AmaSholo namaJaz maningi.

Izingubo zabe silisa ezitungiweyo ziningi, futi zibiza kahle.

Abafuna umsiko, bayenzelwa ngokushesha June 18.



# Umahlaba-Ekufeni.

Umuti onga Pezu Kwayo Yonke Imiti!!

Ofete lihlare kaofela tseteng.

Ulunya kunao onke amayeza.



Umuti onga Pezu Kwayo Yonke Imiti!!

Ofeta lihlare kaofela tseteng.

Ulunya kunao onke amayeza.

UMUTI WOKWETSHISA UKULULE IMBILINI KUMUNTU NXA ENGAYI KAHLE NGAPANDHLE.
UMUTI WEZIFO ZONKE KUBANTU UYIDHLULA YONKE IMITI.

## Umahlaba-Ekufeni.

UMUTI OPILISA KONKE EMZIMBENI YABANTU.
UMUTI OGEZA UMZIMBA WONKE.

Umuti owenziwe ukuba usize izifo zonke kubantu.

Lomuti usunezi qiniselo ezikulu ezipuma indawo ngendawo kwabe bandhla ukuti aba pilisile impela.

Umuti osizayo kakulu ekuhlumiseni abesilisa amandhla obudoda.

GWINYA LUBE LUNYE NOMA MABILI KUSIHLWA.

1/- IDOSHA, NGEPOSI, 1/2. 5/- AMADOSHA ASITUPA, NGEPOSI, 5/4.

Tumela imali yePost Order noma zitembu nge posi,

—— UTAKWA NGU ——

## Fleming Johnston

(UMKISHANA),

UMKEMISI . . . . UKULUMA ULIMI LWABANTU

Emhlanganweni ka FIRST AVENUE no ASCOT STREET,
Ubhekene nesikole esitsha sakwa Hulumeni, Epsom Road.

Phone 263. GREYVILLE, DURBAN. P.O. Box 68

## Tokoloho ea Mahlaba Lefung.

Kemoriana otsollisang olokolla ka maleng ao motho.
Kemoriana ofodisang mafu Kaofela a batho.
Oneha matla 'Meleng.

Okoenye ele ngoe kapa tsepedi ka Phirimana ha oroa bala.
Tefo ke sheleng (1/-) ka komana kapa sheleng tse hlano (5/-) ka komana tse tseletseng.
Romela chelete ka Post Order kapa litempe.